Isifundo 2

**Ntulikazi 3-9*

Ukukhwishiza Nokuhlubuka

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *Num. 11:1-33, Num. 12:1-13, Num. 13:27-33, Num. 14:1-23, 1 Korinte 10:1-11, Num. 14:39-45.*

Indimana Yekhanda: **"Kepha lezo zinto zabehlela bona kube yisibonelo; kulotshelwe ukusiyala thina, osekufikile kithi ukugcina kwezikhathi"** *(1 Korinte 10:11)***.**

Eminyakeni, abantu abaningi babebika indlela engajwayelekile izinja nezinye izilwane zasekhaya ezaziziphatha ngayo ngaphambi kokuzamazama komhlaba.

Ososayensi sebetholile ukuthi izilwane ziyakwazi ukuzwa ukunyakaza kokuqala komhlaba okuthiwa amagagasi engcindezi, okufika ngaphambi kokuzamazama kwesibili. Lokhu kungase kube yisizathu sendlela izilwane ezazibonakala zidideke ngayo, noma ziyaluza ngaphambidlana-nje kokuzamazama komhlaba. Ezinye izilwane, njengezindlovu, zikwazi ukuzwa ukuzamazama kuseza kude, abantu abangakwazi ukukuzwa.

Imizuzu embalwa ngaphambi kokuzamazama okulinganiswa ku 5.8-esikalini, okwenzeka eWashington D.C., zingu 23 ngoNcwaba ka 2011, ezinye izilwane eSmithsonian Institution National Zoo zaqala zayaluza ngokungajwayelekile. Phakathi kwazo kwakukhona okuthiwa yi *lemurs*, eyaqala yakhala kakhulu isikhathi esingaba imizuzu engu 15 ngaphambi kokuqala kokuzamazazama.

Kulesifundo saleliviki, sizobuka ezinye izibonelo zokuziphatha kwabantu okungajwayelekile kokuyaluza, okungabangelwa yizimo zendalo njengokuzamazama komhlaba, kodwa yimvelo yesono yabantu abawile, abakade bengaphumule kulokho uKrestu akupha bonke abeza kuYe ngokukholwa nokulalela.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazai 10.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 12 2021/06/21 14:51

Ukungaphumuli Ehlane

Kufanele ukuthi uIsrayeli wazizwa engenakuphumula futhi engeneme mhla besuka eSinayi, belibangise eKhenani. Kwase kudlule unyaka selokhu baphuma eGibhithe *(Num. 1:1)*. Base belungele ukungena ezweni lesithembiso. Babebaliwe, bahlelwa ngokwezizwe. Babezibonile izimangaliso zikaNkulunkulu nezibonakaliso ezicacile zobukhona baKhe. Kodwa endaweni yokuqala-nje abafika kuyona besukile eSinayi, sebeyakhononda.

Funda: uNumeri 11:1-15. Bakhononda ngani abakwa Israyeli?

AbakwaIsrayeli babefisa inyama, amakukamba, amakhabe, amaliki, uhanyanisi, nesweli kwaseGibhithe. "Ngubani oyakusipha inyama ukuba sidle na? Siyakhumbula izinhlanzi esazidla eGibhithe ngesihle, namakukamba, namakhabe, namaliki, nohanyanisi, nesweli, kepha manje umphefumulo wethu usuwomile; akukho lutho impela; ngaphandle kwaleli mana akukho lutho emehlweni ethu" *(Numeri 11:4-6)*. Kuyabonakala futhi ukuthi babezikhetha izinto abafuna ukuzikhumbula nabafuna ukuzikhohlwa uma bekhumbula ukudla kodwa bekhohlwa ubugqila nokuhlupheka okushaqisayo *(qhathanisa noEksoduse 1)*.

Babondliwe ngemana kaNkulunkulu isikhathi esingaphezu konyaka; kodwa bayaluza, befuna okwehlukile. NoMose wachaphazeleka. Akulula ukuzama ukuhola isixuku esiyaluzayo. Kodwa uMose wayemazi Lowo amelwe ukuphendukela kuYena. "Uyiphatheleni kabi inceku yaKho na? Angifumananga ngani umusa emehlweni aKho ukuba ubeke umthwalo wabo bonke laba bantu phezu kwami na?" *(Numeri 11:11)*.

UNkulunkulu uphendula kanjani kulokukhononda? Funda uNumeri 11:16-33.

Indlebe kaNkulunkulu ayibuthuntu maqondana nezidingo zethu uma sizwa singenakho ukuphumula. Kuloludaba lwabakwaIsrayeli, wabanika izigwaca ukwenelisa ukulangazelela kwabo inyama. Kodwa empeleni kwakungeyona inyama ababeyifuna. Uma singathokozile, siyaluza, futhi sithukuthele, lokho okusithukuthelisile kufana nomentshisi owenza umlilo, akusona isiqhumane uqobo. Silwa ngoba kukhona okuthile ekujuleni, okuthinta ubudlelwane bethu. UIsrayeli wahlubuka ekuholweni nguNkulunkulu, okuyinto sonke esifanele ukuyiqaphela, noma isimo sethu sinjani, ngoba kulula ukwenza kunokucabanga.

Yini eyenza sikhumbule osekwadlula, sikubone kungcono kunalokho okwakuyikho ngempela?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 13 2021/06/21 14:51

Kuyathathelana

Funda: uNumeri 12:1-3. Yini lena eyaphatha kabi uMiriyamu no Aroni?

_____

_____

Ngokubukeka ngaphandle, uMiryamu noAroni babengathokozile ngomkaMose womKhushe. UZiphora wayengowezizwe, evela kwaMidiyani *(bheka uEks. 3:1)*. Ngisho naphakathi kwalabo "abaphezulu" kwaIsrayeli imvelo yethu yesono iyaziveza, futhi ngendlela engeyinhle nakancane. (Yake yaba yinhle kodwa?)

Isicaphuno seBhayibheli kodwa sitshengisa ngokusobala ukuthi lokhu kwakuyizaba nje. Okuyiyona into ababekhononda ngayo isipho sokuprofetha. Esahlukweni esingaphambili uNkulunkulu wayetshele uMose ukuthi akakhethe amalunga angamashumi ayisikhombisa akwaIsrayeli, ayezosiza uMose ukumthwalisa umthwalo wokuhola *(Numeri 11:16, 17, 24, 25)*. UAroni noMiriyamu babekade bedlala indima ebalulekile ebuholini *(Eks. 4:13-15, Mika 6:4),* kodwa manje bazizwa bengaphephile ngenxa yobuholi obusha, base bethi, "Nembala uNkulunkulu ukhulume ngoMose yedwa yini? Akakhulumanga yini nangathi?" *(Num. 12:2, NKJV)*.

UNkulunkulu waphendula kanjani kulokho kukhononda? Funda uNumeri 12:4-13. Ucabanga ukuthi kungani uNkulunkulu aphendula ngendlela enjalo?

_____

_____

Ukuphendula kukaNkulunkulu kwaba okusheshayo, futhi akushiyanga ithuba lokungabaza. Isipho sokuprofetha akusona isikhali sokutshengisa amandla. UMose wayefanelekile ukuhola ngoba wayefundile ukwencika kuNkulunkulu.

Ukuthi kugagulwe uMiriyamu ngaphambi kuka Aroni endimaneni yokuqala kusinika umqondo wokuthi kwakunguyena ohamba phambili ekusoleni uMose. Ngaleso sikhathi, uAroni wayesengumpristi omkhulu kwaIsrayeli. Ukuba wayeshaywe ngochoko, wayengeke akwazi ukungena endlini engcwele, ashwelezele abantu. Isijeziso sikaNkulunkulu kuMiriyamu ngochoko lwesikhashana sitshengisa ngokusobala intukuthelo yaKhe ngabo bobabili, okwasiza ukuletha inguquko yomqondo edingekayo kulomndeni. Isenzo sikaAroni sokuncengela uMiriyamu sifakazela ukuthi naye wayeyinxenye yokusola *(Num. 12:11),* manje-ke, esikhundleni sokusola nokungabi nokuthula, sibona uAroni encengela uMiriyamu, futhi sibona uMose emncengela naye *(Num. 12:11-13)*. Umqondo onjalo uNkulunkulu afuna ukuwubona ebantwini baKhe. Wezwa, waze waphulukisa uMiriyamu.

Nakuba kulula-nje ukusola abaholi bebandla, noma bekuliphi izinga, bekungaba ngcono kangakanani ukukholwa kwethu nokwebandla ukuba esikhundleni sokukhononda, besingakhulekela abaholi bethu yize noma singavumelani nabo?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 14 2021/06/21 14:51

Ukuyaluza Kuholela Ekuhlubukeni

Indaba iqala kahle. Abakwa Israyeli sebeze bafika emngceleni waseKhenani, kwathunyelwa izinhloli ezingu 12 ukuyohlola izwe. Umbiko wazo awuvamile.

Funda: umbiko wezinhloli kuNumeri 13:27-33. Amathemba abakwaIsrayeli ashabalala nini?

_____

_____

Phezu kokungenelela kukaKhalebhu, kwanqoba amazwi alabo abanongabazane. UIsrayeli akayi ukuyonqoba lokho uNkulunkulu abathembise kona. Ngokushikashikeka ezinhliziyweni, bakhetha ukukhihla isililo nokukhononda kunokuqhubekela phambili behalalisela ukunqoba.

Uma singenakho ukuphumula ezinhliziyweni, sikuthola kulukhuni ukuhamba ngokukholwa. Ukushikashikeka akuthinti imizwa yethu-nje kuphela. Ososayensi basitshela ukuthi kukhona ukuxhumana phakathi kokuphumula okuncane kakhulu (okuhlanganisa ukuqwasha) kanye nokwenza izinqumo ezingaphusile, okuba nomphumela wokukhula kwesisindo somzimba, ukuhuheka yizidakamizwa, kwande futhi ukushikashikeka nokungenami.

Funda: uNumeri 14:1-10. Kwakwenzekani la?

_____

_____

Izinto zaqhubekela phambili ziba zimbi. Ukuncenga kukaKhalebhu ethi "kodwa ningahlubuki kuNkulunkulu" *(Numeri 14:9, NKJV)*, abakunakanga, inhlangano yonke yafuna ukukhanda ngamatshe abaholi. Ukushikashikeka kuholela ekuhhlubukeni, kanti ukuhlubuka kugcina kulethe ukufa.

"Izinhloli ezingathembekile zazikhulumela phezulu zisola uKhalebhu noJoshuwa, kwavunyelwana ngokuthi abakhandwe ngamatshe. Isixuku esase sisangene sathatha amatshe ukuze kubulawe lamadoda athembekile. Isixuku saphulukundlela simemezza njengezinhlanya siya phambili. Kusenjalo, amatshe awa ezandleni zabo, kwathula umoya, bathuthumela ngokwesaba. UNkulunkulu wayesengenelele, wanqanda izinjongo zabo zokubulala. Inkazimulo yobukhona baKhe yakhanyisa itabernakeli njengesibani esikhanyayo. Yonke inhlangano yasibona isibonakaliso sobukhona bukaNkulunkulu. Onamandla angaphezu kwawabo, wazibonakalisa, akekho owaba nesibindi sokuqhubeka nenkani. Izinhloli ezaletha umbiko omubi zakhokhoba, sezesaba, zashesha zabuyela ematendeni azo."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets,* p. 390.

Khona ngaleso sikhathi kodwa, inkazimulo kaNkulunkulu yabonakala ngokusobala. Uma sifunda lendaba kuNumeri 14, kubonakala sengathi kwakume yonke into, manje sinelungelo lokulalela ingxoxo kaNkulunkulu noMose. UNkulunkulu uyazi ukuthi nakuba amatshe ayezokhanda uMose, uJoshuwa, noKhalebhu, okusalayo ukuthi loluhlubuko lwaluqondiswe kuNkulunkulu uqobo.

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 15 2021/06/21 14:51

UMlamuli

Iliphi ithuba uNkulunkulu alinika uMose njengoba kunaloluhlubuko? Funda uNumeri 14:11, 12.

_____

_____

UNkulunkulu uhlongoza ukubhubhisa uIsrayeli bese ezenzela isizwe esisha, uMose abe inhloko yaso.

UMose uphendula athini kuloluhlubuko olusobala, olungaqondisiwe kuyena-nje, kodwa kuNkulunkulu? *(Numeri 14:13-19)***.**

_____

_____

Lesi isikhathi lapho sibona khona umuntu kaNkulunkulu ngempela. Impendulo kaMose, eyohlala njalo kuyo yonke iminyaka, umfuziselo womlamuli owayezokhulekela abafundi baKhe ekuhluphekeni kwabo eminyakeni engu 1 400 ezayo, *(Johane 17)*. Yebo, ngalokho okwenziwa nguMose lapha, izazi zeBhayibheli eziningi zibona isibonelo salokho uKrestu asenzela kona. Icala labo, icala lethu, alingabazeki. Kodwa, uMose uyancenga uthi: "ngobukhulu bomusa waKho" *(Num. 14:19, NKJV)*, ngicela ubathethelele labantu. Njengoba wenza uNkulunkulu ngaleso sikhathi ngenxa yokunxusa kukaMose, wenza njalo nakithina ngenxa kaJesu, ngenxa yokufa kwaKhe novuko lwaKhe nokusinxusela kwaKhe.

Kanjalo-ke uMose uyanxusa uthi: "thethelela ububi balabantu, ngiyakuthandaza, ngokobukhulu bomusa waKho, njengoba wabaxolela labantu, kusukela eGibhithe kuze kube manje" *(Numeri 14:19)*. Umusa uqeda ukuhlubuka nokushikashikeka ezimpandeni zakho. Intethelelo isinika isiqalo esisha.

Kodwa kunentengo. Umusa awushibhile. Nakuba bexolelwe, abantu bazobhekana nomphumela wokuhlubuka kwabo. Leso sizukulwane sasingeke singene ezweni lesithembiso (*Numeri 14:20-23)*.

Yebo, uNkulunkulu wayezobalondoloza eminye iminyaka engu 38 ehlane. Abondle. Akhulume nabo esendlini engcwele. Wayezokuba ngakubona ehlane. Kodwa babezokufa, isizukulwane esisha sithathe lapho begcine khona, sithole ukuphumula Ezweni Lesithembiso.

Kuzwakala njengokwehlulela; kodwa empeleni, umusa. Lesizukulwane sasizokwazi kanjani ukunqoba imizi emikhulu yaseKhenani uma sasingakafundi ukumethemba? Sasizozikhanyisela kanjani izizwe uma sona sisakhubeka ebumnyameni?

Yiziphi izifundo ezilukhuni ozifundile ngemiphumela yesono esixolelwe?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 16 2021/06/21 14:51

Kuqhathaniswa Ukukholwa Nokulinga uNkulunkulu

Yikuphi okufanayo phakathi kokuzulazula kukaIsrayeli ehlane nabantu bakaNkulunkulu abaphila ezinsukwini ezandulela ukubuya kukaJesu? *(Bheka ku 1 Korinte 10:1-11.)*

Kuwo wonke umlando, abantu bakaNkulunkulu babezula ehlane, befuna Izwe Lesithembiso. Lelihlane linobuso obuningi. Khona manje, libukeka njengokugeleza kwezindaba okunganqamuki emaphephandabeni, ukukhala njalo kocingo okusho imiyalezo engenayo, Kanye nokundonda kwesimemezelo sezokungcebeleka. Lizama ukusithengisela i-*pornography* ebizwa ngothando, nokukhonza izwe kuthiwe impendulo yezinkinga zethu. Uma-nje singake sibe nemizimba ethe ukuba izidlakela, sibe basha kunalokhu, sicebe kunalokhu, sibe-sexy—lokho kungaxazulula zonke izinkinga zethu.

Njengama Israyeli, siyashikashikeka sifuna ukuthula, kanti izikhathi eziningi sikufuna endaweni okungesiyo.

UIsrayeli wasabela kanjani kulokho kwahlulela kukaNkulunkulu kuNumeri 14:39-45?

Ukusabela kukaIsrayeli ekwahluleleni kukaNkulunkulu kuvamile. Bathi: “Sonile, sizokuya kuleyo ndawo uNkulunkulu ayethembisile” *(Numeri 14:40, NKJV)*.

Ukuzinikela ingxenye kufana nokujova okungenziwanga kahle—akusebenzi. Namhlanje, odokotela bancoma ukujovelwa *i-Hepatitis B* engakapheli amahora angu 24 ezelwe umntwana. Isiqalo esihle leso. Kodwa ukulandela lowo mjovo wokuqala, uma kungenziwanga okunye okubili noma okuthathu ukujova ngesikhathi esifaneleyo, nangesilinganiso esifaneleyo, akukho ukuvikeleka kulesifo *se-Hepatitis B* nakancane.

Ukuhlubuka kukaIsrayeli, esifunda ngakho ezindimaneni zokugcina zikaNumeri 14, kuba nomphumela wokufa nokujabha, njengoba manje bengafuni ukwamukela isiyalo sikaNkulunkulu esisha, baqhubekela phambili ngenkani ngaphandle komphongolo wesivumelwano nangaphandle kokuholwa nguMose.

Ukulinga uNkulunkulu kuyabiza; kuholela ekufeni. Izikhathi eziningi ukulinga uNkulunkulu kuqhutshwa ukwesaba. Ngenxa yokuthi kukhona okuthile esikwesabayo, senza izinqumo esibuye sizisole ngazo.

Cabanga ngesikhathi lapho wenza okuthile ngokukholwa, nalapho wawuqhutshwa ukulinga uNkulunkulu. Kwaba yini umahluko omkhulu?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 17 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Manje babonakala sengathi bayazisola ngempela ngesono sokuziphatha kwabo okubi; kodwa badabuka ngenxa yomphumela wesenzo sabo esibi, hhayi ngoba bebona ukuthi bangabantu abangabongiyo nabangalaleliyo. Kuthe uma bebona ukuthi uNkulunkulu akajiki kulokho akushilo, kwavuka futhi ukuziphakamisa, basho nokusho ukuthi ngeke babuyele ehlane. Uma ebayala ukuthi basuke ezweni lezitha zabo, uNkulunkulu wayevivinya ukuzithoba kwabo, wathola ukuthi akuqinisekile. Babazi ukuthi bonile kakhulu ngokuvumela imizwa yabo ukuthi ibabuse, nokufuna ukubulala izinhloli ezazikade zibanxusa ukuba balalele uNkulunkulu; kodwa okuyiyona into eyabethusa, ukuthola ukuthi benze iphutha elesabekayo, elizokuba nomphumela omubi kakhulu kubona. Izinhliziyo zabo zazingaguqukile, futhi babefuna-nje izaba zokuthi kuphinde khona lokho futhi. Balithola lelo thuba ngenkathi uMose, ngegunya likaNkulunkulu, ebayala ukuthi babuyele ehlane."—Ellen White, *Patriarchs and Prophets*, p. 391.

"Kodwa ukukholwa akuhlobene nakancane nokulinga uNkulunkulu. Yilowo muntu kuphela onokukholwa kweqiniso ophephile ekulingeni uNkulunkulu. Ukulinga uNkulunkulu "ukukholwa mbumbulu." Ukukholwa kubambelela ezithembisweni zikaNkulunkulu, kuthele izithelo zokulalela. Ukulinga uNkulunkulu nakho kubambelela kuzo izethembiso, kodwa kuzisebenzise njengoSathane, ukubeka izaba zokweqa intando kaNkulunkulu. Ukukholwa kwakuzoholela abazali bethu bokuqala ukuba bethembe uthando lukaNkulunkulu, nokulalela imiyalo yaKhe. Ukulinga uNkulunkulu kwabaholela ekuthini beqe umthetho waKhe, bekholwa ukuthi uthando lwaKhe olukhulu luzobasindisa emiphumeleni yesono sabo. Akusikho ukukholwa lokho okufuna ukuhlomula ngezinto zasezulwini kodwa kungayinaki imibandela okutholakala ngayo umusa. Ukukholwa kweqiniso kwesekelwe phezu kwezithembiso nomhlinzeko wemiBhalo."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* p. 126.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Landa ngomahluko phakathi kokukholwa nokulinga uNkulunkulu. Kungani ukunqoba izwe laseKhenani kwakuzobonwa kuqala, njengesenzo sokukholwa, bese kuthi kamuva lapho abakwaIsrayeli sebehlasela, kube ukulinga uNkulunkulu? Isisusa (motive) nezimo, kuyidlala kanjani indima enkulu ekwahlukeni kokukholwa nokulinga uNkulunkulu?

❷ Ake ugxile kuleli qiniso lokuthi yize noma isono sesixolelwe kungase kudingeke ukuthi siphile nemiphumela yaleso sono. Ungabasiza kanjani labo abakuthola kulukhuni ukwazi ukuthi baxolelwe isono kodwa impilo yabo isazoqhubeka ukuthinteka ngendlela engeyinhle, Mhlawumbe nakwabathandiweyo babo?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 18 2021/06/21 14:51